



ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

JUNE 2023

IBANGA LE- 11

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi angama-13

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isivivinyo sokuqondisisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Uhlelo nokusetshenziswa kolimi	(40)
2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

ISIQEPHU A:	imizuzu engama-50
ISIQEPHU B:	imizuzu engama-30
ISIQEPHU C:	imizuzu engama-40

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO A (Okufundwayo)

ISIKHATHI SAMAHOLIDI ASEHLOBO

1. Isikhathi samaholidi asehlobo sibaluleke kakhulu ezweni lethu. Ngalesi sikhathi abantu abaningi abasebenzayo bayaphumula nemindeni yabo. Imindeni eminingi iphana/inikana izipho. Ngalesi sikhathi kukhona imicimbi eminingi eyahlukene eyenziwayo ukubungaza/ukujabulela ukuphela konyaka. Lokhu kwenzeka ehlobo ilanga **likhipha umkhovu etsheni**, kwande imvula kanti izitshalo ziluhlaza zikhombisa impilo. Abantu bashintsha nemibala yezingubo bagqoke/bafake ezinemibala egqamile ezikhombisa ukuthi kusehlobo.
2. Osomabhizinisi benza inzuzo enkulu ngalawa maholidi, kusukela ngenyanga kaLwezi okuyiyona nyanga okuqala ngayo ukuphithizela. Benza imali eningi ngosuku olubizwa nge-Black Friday. Ngalolu suku izimpahla eziningi zisuke zishibhile. Kuyagcwala kakhulu ezitolo. Abanye abathengi bavuka phakathi kwamabili bayolinda ezitolo. Kuthi kuvulwa ezitolo uthole abantu sebedudulana baze bathole ukulimala. Onogada bayasiza ukubahlela bame emigqeni. Izigebengu zithola ithuba lokuntshontsha. Abantu bajabula kakhulu ngalesi sikhathi kuze kufike uNcibijane (New Year).
3. Wonke umuntu usuke esibheke ngamehlo abomvu lesi sikhathi sonyaka. Izikole zivalwa isikhathi eside ukuze izingane zithole isikhathi esanele sokuphumula. Abasebenzayo bathatha ikhefu ukuze babe nesikhathi sekhethelo nemindeni yabo. Iningi labo lithola amabhonasi abasiza ukuthi bajabule nemindeni. Abantu abaningi abasebenza kude babuyela emakhaya ukuze bachithe lesi sikhathi esibalulekile sonyaka nemindeni yabo.
4. Kukhona imindeni elondoloza imali unyaka wonke ngenhloso yokuzijabulisa ngesikhathi samaholidi. Imindeni emikhulu ijwayele ukuhlela ukuvakasha ndawonye ukuze nezingane zithole ukwazana kahle. Abanye bakhetha umuzi omkhulu emndenini bahlanganele khona ukwenza imicimbi yokuzijabulisa bendawonye. Ngesikhathi behlangene kuyenzeka kuhlelwe nemidlalo ehlukeni ezobenza bazane kangcono.

5. Ngalesi sikhathi salawa maholidi oMasipala bahlobisa amadolobha nemigwaqo kube ubukhazikhazi. Izitolo ngokunjalo ziyahlotshiswa ngezihlahla zikaKhisimusi nezinto eziningi. Lokhu kwenzelwa ukuheha amakhasimende, nalaba abathanda ukuhlonipha lesi sikhathi. Abanikazi bezitolo basebenzisa leli thuba ukugcwalisa amashalofu nakho konke okuzobenzela inzuzo enkulu.
6. Abantu abaningi bayayimosha imali ngalesi sikhathi samaholidi ngenhloso yokujabulisa ababathandayo. Iningi labo lizithokozisa ngokweqile. Bathenga izimpahla ezintsha ezinhlobonhlobo nezingenasidingo. Abanye bayavakasha nemindeni yabo baye ezindaweni ezikude. Abakude nolwandle bashiya imizi yabo bachithe amaholide lapho kunolwandle khona. Lokhu kuthenga kwabantu ngokwedlulele kuba nomthelela omubi kweminye imindeni njengoba abanye abantwana bayaye baswele nezidingo zesikole uma kuqala unyaka. Abanye abazali bagcina beyoboleka imali komashonisa (loan sharks) nasemabhange.
7. Emabhishi kugcwala ngokweqile abantu bangabe besalawuleka/ besavimbeka. Abanye abantwana badukelana nabazali ngenxa yokuphithizela okuba khona. Izwe lethu laziwa kakhulu ngamabhishi athandwayo njengeClifton Beach eseKapa kanye Durban South Beach eseThekwini. Abantu abaningi bakhetha izindawo ezigudle ulwandle ukuchitha lesi sikhathi samaholidi. Abantu babuye bangaqapheli uma bevakashele lezi zindawo kanti ulwandle lubuye lube ingozi. Okunye okubi ukuthi bangalahlekelwa izimpilo zabo ngenxa **yokuyishaya indiva** imithetho yasolwandle njengokubhukuda bedle amanzi amponjwana bagcine sebeminza.
8. Abanye bachitha lesi sikhathi ngokuthokozela ubuhle bemvelo. Ukuba semahlathini nokubuka izilwane zasendle kuyigugu kwabanye ngalesi sikhathi sonyaka. I-Kruger National Park yaziwa kakhulu ngokugcina izilwane ezidume kakhulu nezibizwa ngokuthi yi-Big Five ezifana nezindlovu, amahubesi, obhejane, izingwe kanye nezinyathi.
9. Emgwaqweni kugcwala kakhulu izimoto. Lokhu kudala izingozi eziningi. Abanye abashayeli abanaso isineke futhi bashayela bengekho esimweni esilungele ukushayela. Amaphoyisa abopha abantu abangawuthobeli umthetho womgwaqo. Abashayeli bamatekisi bagijima kakhulu bejane ukwenza inzuzo bese bezithola besenkingeni nomthetho.
Asijabule sonke ngalesi sikhathi futhi siqaphele!

[Umbhalo osuselwe ocwaningweni wahunyushwa]

- 1.1.1 Siqala ngayiphi inyanga lesi sikhathi okukhulunywa ngaso esiqeshini? (1)
- 1.1.2 Bhala OKUBILI okwenziwa imindeneni ngale sikhathi sonyaka, ngokwesigaba soku-1 (2)
- 1.1.3 Ngokwesigaba soku-1 bagqoka kanjani abantu ukutshengisa ukuthi yisikhathi sasehlobo? (2)
- 1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
 Ukuba nesikhathi sekhethelo nomndeneni kusho ukuba nesikhathi ...
- A. Esimnandi
 B. Esijwayelekile
 C. Esiphoqelekile
 D. Esibuhlungu (1)
- 1.1.5 Fingqa ngamaphuzu AMATHATHU okwenzeka ngosuku lwe-Black Friday ngokwesigaba sesi-2. (3)
- 1.1.6 Chaza ngobuhle bokuhlangana kwemindeneni ezinganeni ngalesi sikhathi sonyaka ngokwesigaba sesi-4. (2)
- 1.1.7 Ngokwendaba kungani osomabhezini behlobisa izitolo zabo? (2)
- 1.1.8 Qhathanisa izindlela abantu abazijabulisa ngazo ngalesi sikhathi sonyaka ngokwesigaba sesi-7 kanye nesesi-8 (2)
- 1.1.9 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo ezibhalwe ngokugqamile.
- a) Kusuke kusehlobo ilanga **likhipha umkhovu etsheni.** (2)
 b) Balahlekelwa izimpilo zabo ngenxa **yokushaya indiva** imithetho yasolwandle.
- 1.1.10 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi ngalesi sikhathi sonyaka kudaleke izingozi eziningi ngokwendaba. (2)
- 1.1.11 Ngokwendaba, kungaba namuphi umthelela emndenini ukusebenzisa imali ngokweqile ngesikhathi samaholidi? (2)
- 1.1.12 Phawula ngezindlela okufanele zisetshenziswe ukuvimbela ukuminza kwabantu emabhishi. (2)

1.2 Bukisisa le sithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO (OBUKWAYO)



[sichashunwe kwi inthanethi]

- 1.2.1 Zifana ngani izinto ezigqokwe yilezi zingane emakhanda? (1)
- 1.2.2 Yini ekhombisa ukuthi zonke lezi zingane ezisesithombeni ziyakhuluma? (1)
- 1.2.3 Ngabe uyavumelana yini nokuthi lesi sithombe sikhuthanza ukungabandlululi ngokobuhlanga YEBO noma CHA. Sekela impendulo yakho. (2)
- 1.2.4 Ngokucabanga kwakho yimuphi umyalezo odluliswa umlobi ngalesi sithombe, Bhala iphuzu ELILODWA. (2)

AMAMAK ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese usifingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale ngezindlela zokugwema ukuchitha isikhathi esiningi kumabonakude.

IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelile, amagama owasebenzisile angeqi/angadluli kwangama-60.
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweye-7.
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile, bhala inani lamagama owasebenzisile.

UMBHALO C (Ofundwayo)

IZINDLELA ZOKUGWEMA UKUCHITHA ISIKHATHI ESININGI KUMABONAKUDE

Ukuchitha isikhathi eside ngokungafanele kumabonakude kuyisifo esikhungethe abantu bonke. Umabonakude wenzelwe ukupholisa ingqondo, nokufundisa kepha uma usuwubuka ngokweqile uba yisifo esidinga ukufakelwa izibuko. Kunezindlela ezingalandelwa ukulapha lesi sifo. Bhala izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze uqiniseke ukuthi awuchithi isikhathi ngokubuka izinhlelo ezingenasidingo kuwe.

Yiba nongakwenza njengemidlalo edlalelwa ngaphandle uma uzizwa unesizungu. Lokhu kwenza ingqondo yakho igxile kwenye into kunomabonakude. Okwenzayo kwabele isikhathi sakho esanele. Lokhu kuzokwenza ukuthi ungabuyeli endlini ugcine usubukela nezinye izinhlelo obungahlosile ukuzibukela. Uma wenza lokho isikhathi sakho uzosichitha ngendlela efanele.

Izingxoxo ongaba nazo nabangani noma umndeni zingakuhehela ekubukeni izinhlelo zikamabonakude. Gwema ukulalela ingxoxo yabo uma bexoxa noma bekuxoxela ngezinhlelo ongazibuki kumabonakude. Uma ungayigwemi le ngxoxo uzogcina usunesifiso sokuyozibonela okushiwo ngalezi zinhlelo, ufane noTomasi waseBhayibhelini.

Impilo yanamuhla idala ingcindezi. Izindawo okuhlalwa kuzo ezingaphephile, imisebenzi esetshenzwayo, isiminyamina sezimoto ezisemgwaqeni zibeka impilo engcupheni. Konke lokhu kugcina kubangela ukuthi abantu bathole indlela yokususa ingcindezi uma befika ekhaya. Umabonakude kuba yindlela okufinyeleleka kalula kuyo engaqeda ingcindezi. Abantu bagcina begqolozela umabonakude amahora ngamahora. Ukuze ugweme lokho, zifundele izincwadi, uhlanganyele namaqembu abafundi bezincwadi nixoxe ngalezo zincwadi enizifundile.

Igumbi lokulala lenzelwe ukulala kuphela. Bukela umabonakude nomndeni wakho endlini yokuphumula, ungawufaki egunjini lokulala. Lokhu kungadala ukuthi uqhubeke ubukele umabonakude kwezinye izikhathi uze uzumeke. Umabonakude

ugcine usubuka wena. Ungagcina usulala phakathi kwamabili uhehwa yizinhlelo ezingapheli ozibukayo.

Wonke umuntu uyakudinga ukuthuthuka empilweni. Akukuningi okuzuzayo uma ubukela ezinye izinhlelo zikamabonakude. Uma kungekuningi okuzuzayo kulezo zinhlelo, sizathu sini esingenza uchithe isikhathi sakho kuzo? Thola indlela yokuchitha isikhathi enenzuzo nefundisayo, njengokwenza isivande utshale imifino, uzifundise ukubhaka amakhekhe uwathengise nokunye. Ukuhlala njalo wedwa ugqolozele umabonakude kuyingozi, ungagcina ukhuluphala ngokweqile okungadala izifo. Lokhu kungaxhumanani nabantu akukuhle, ugcina usuyinkomo edla yodwa. Ukuvakasha nokungcebeleka kungasiza ekusebenziseni isikhathi kahle.

[Sithathwe ku-www.googlenews sahunyushwa kabusha]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D

Ishitsha impilo ngokuphazima kweso

INDLELA ENGCONO

Phinda ulujabulele ubisi.

INGUNGQAPHAMBILI WASENINGIZIMU AFRIKA!

I-NOLAC ubisi olungenayo i-Lactose.

I-NOLAC iyatholakala nange-Long Life.

INOLAC yakwa Clover yengeza ikhalisiyamu, uvithamini D kanye nezakhamzimba ezishodayo ekudleni okudingwa abantu abaliwa i-Lactose.

Ine:

- khalisiyamu
- vithamini D
- nomsoco

Yenza ukugayeka kokudia kube lula!

Ikhali-yamu eningi

Luncibilika kalula emzimbeni

UVitha-mini D omningi

3.1 Yini ekhangiswa kulesi sikhangisi?


(1)

- 3.2 Chaza kafushane umsebenzi walo mkhiqizo emzimbeni womuntu. (2)
- 3.3 Sebenzisa ELINYE igama elimqondofana naleli elidwetshelwe emshweni olandelayo uphinde ulisebenzise emshweni ozozakhele wona.
Phinda ulujabulele ubisi. (2)
- 3.4 Bhala uhlobo lwesichasiso kuleli gama elidwetshelwe emshweni olandelayo:
Inekhalsiyamu novithamini D omuningi. (2)
- 3.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe esho uhlobo lwesifengqo kulo musho olandelayo:
Ishitsha impilo ngokuphazima kweso.
- A Ihaba.
- B Isifaniso.
- C Isenzasamuntu.
- D Isihlonipho. (1)
- 3.6 Chaza ubudlelwano bokusetshenziswa kwesithombe senkomo kanye nomkhiqizo okhangiswayo. (2)

[10]

UMBUZO 4

Bukisisa UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO) bese uphendula imibuzo



[Isithombe: <www.google.com>]

- 4.1 Yini ekhombisa ukuthi kuyafundwa kulesi sithombe. (1)
- 4.2 Bhala OKUKODWA okukhombisa ukuthi abahleli phansi balalele. (1)
- 4.3 Bhala uhlobo lwezingcezu zenkulumo ezibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:
- a) Kazi **ikhompuyutha yami** isasebenza nje. (2)
- 4.4 Chaza indlela yokugqoka nokuziphatha kwabantu besifazane kule ndawo.]Sekela ngamaphuzu AMABILI. (2)
- 4.5 Abantu abakulesi sithombe bayakwazi ukusebenzisa ezobuchwepheshe. uyaphikisana nalo mbono? (2)
- 4.6 Ngokucabanga kwakho lezi zifundo zenziwa ngasiphi isikhathi sosuku. Sekela impendulo yakho. (2)

[10]

UMBUZO 5

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela:

UMBHALO F (OKUFUNDWAYO)

Hheyi bakwethu! Usuphelile njalo unyaka? Impela isikhathi sesidliwe yinja. Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu obesebenza nobefunda. Kuzocaca ukuthi bawulungiselele ngokufanele yini uDisemba. Phela konke kucaca bha obala ngale nyanga. Alikho eligxumela elinye. Bazohlala obala labo ababedlala ngemali nangesikhathi. Abanye bazobe behleka bodwa sebethola amabhonasi abo. Kukhona abazothola imali abebeyonga unyaka wonke. Abafundi abazimisile bazodlulela phambili. Kuneqembu elizivocavocayo ukuze libe nemizimba emihle ehambisana nalesi sikhathi. Izigebengu nazo azizibekile phansi ngalesi sikhathi. Amadolobha amakhulu agudle ulwandle agadwa kakhulu. Kufakwa amaphoyisa amaningi ngoba abantwana bayalahleka futhi bayantshontshwa kulezi zindawo. Amaphoyisa ahlale ethola izingane ezidukile azigcine. Izingane ezimukayo zidliwa izilwane eziyingozi.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Nciphisa igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo bese uzakhela umusho ophелеle ngalo.

Impela **isikhathi** sesidliwe yinja. (2)

5.1.2 Hlobo luni lwebizo elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo:

Iqembu lezigebengu nalo alizibekile phansi. (2)

5.1.3 Guqula amabizo abhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo abe isandiso sendawo (ondaweni).

Amadolobha agudle **ulwandle** kugada amaphoyisa amaningi. (2)

5.1.4 Lo musho olandelayo uqukethe luphi uphawu lokuloba?

Hheyi bakwethu! (2)

5.1.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe usho ukuthi lolu cezu lwenkulumo olubhalwe ngokugqamile.

Kukhona abazothola imali abebeyonge unyaka **wonke**.

A. Inani.

B. Isisabizwana

C. Isiphawulo

D. Ongumnini. (2)

5.1.6 Bhala ELINYE igama elisho okufanayo naleli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu obesebenza nobefunda ukuthi uwulungiselele kanjani **uDisemba** (2)

5.1.7 Hlanganisa le misho elandelayo ngesihlanganiso esifanele ibe umusho owodwa ombaxa.

Kufakwe amaphoyisa amaningi. Abantwana bayalahleka. (2)

5.1.8 Bhala impambosi yokwenzayenza esikhundleni segama elikubakaki.

Uhulumeni (uyazama) ukusiza kulesi simo. (2)

5.1.9 Bhala isandiso sesimo esitholakala kulo musho olandelayo.

Sekuzovela imiphumela kuwo wonke umuntu osebenze kanzima nobefunda. (2)

5.1.10 Tomula isenzukuthi esitholakala esiqeshini esingenhla. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40

AMAMAKI ESEWONKE: 80